# HILLCREST HIGH SCHOOL

**UMNYANGO WESIZULU**
**UKUHLOLA OKUQASHELWE**

## IBANGA LE-11

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA**
**(FAL)**

**IMIKLOMELO: 35** **ISIKHATHI: 45 IMIZUZU**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Umbhalo omfushane odlulisa umyalezo | (20) |
| ISIQEPHU B: | Umbhalo wobuciko | (15) |

2. Dwebela umugqa ephepheni esandleni sakho sokudla
3. Phendula YONKE imibuzo.
4. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
5. Bhala ngesandla esifundekayo nesibonakalayo.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu ngasinye
7. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezibhalwe ngayo ungazishintshi.

## ISIQEPHU A: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya

Kwayi-100.

**1.1 INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho uZinhle uvele wanishiya esikoleni ningalindele. Manje usulitholile igama lesikole asefunda kuso. Mbhalele incwadi umazise ukuthi umkhumbule kanjani nokuthi impilo isale yaba njani esikoleni senu njengoba esehambile.

Bhala INCWADI YOBUNGANI. (20)

**1.2 INGXOXO**

USonto usevele wabhoboka/ wakutshela ngezinkinga abhekene nazo nesezimphendule umuntu omubi. Bhala ingxoxo phakathi kwakho naye umeluleka/umnika ithemba.

Bhala INGXOXO. (20)

**1.3 INCWADI ESEMTHETHWENI**

Ummeli uNtshangase ukubhalele incwadi ekucela ukuba ufike ulalela ukufundwa kwefa okusha nokunegama lakho. Wena kawuzimisele nokuzihlanganisa nezinto ezithinta uSonto noMthofu. Bhalela uNtshangase uxolise bese ubeka nezizathu zakho.

Bhala INCWADI ESEMTHETHWENI. (20)

**1.4 ISIBUYEKEZO**

Wena ninoZinhle benikhonze ukufunda izincwadi ezithile bese nixoxelana ngazo. Njengoba engasekho ubone kungcono ubhale isibuyekezo sale ncwadi obuyifunda umthumelele sona.

Bhala ISIBUYEKEZO.

## ISIQEPHU A: IZINDABA EZIMFUSHANE

**UMBUZO 1: Bengingeke ngisakwazi -Sithembiso Khwela**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

| |
|---|
| *Mnu. Zulu,*<br><br>*UMnumzane MLAHLENI CELE owangena lapha esibhedlela zingu-30/06 ushone zingu-04/07. Njengoba igama lakho livela emabhukwini asesibhedlela ukuthi nguwe owamlethayo owambhalisa, sicela ukuba wenze amalungiselelo okuzothatha isidumbu sakhe ngokushesha lapha esibhedlela. Isibhedlela asinakumgcina izinsuku ezingaphezu kweziyisikhombisa emakhazeni aso. Uma ungeke ukwazi ukushesha umfihle kuzodingeka ukuba umfunele amanye amakhaza. Uma unenkinga thintana naboMnyango wezeNhlalakahle esibhedlela. Ukhumbule ukuthi isibhedlela siyokwethwesa icala uphinde ukhokhe nezinhlawulo uma isidumbu singalandwa kuze kudlule lezi zinsuku esizishilo.*<br><br>*Ngiyabonga*<br><br>*NguNsumpa wesibhedlela* |

2.1 Le ncwadi obuyifunda ngenhla ibhalwe ngubani? (1)

2.2 Ubani igama nesibongo sikalo baba okufanele angcwatshwe? (2)

2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo echaza isimo sokukhuluma esilandelayo.

Isibhedlela siyokwethwesa icala.

A siyokujezisa

B siyokunika isidumbu

C siyokukhokhela imali

D siyokufaka enkantolo (2)

2.4 Tomula igama eliyisihlonipho elisho okufanayo nokuthi **ukungcwaba** esiqeshini. (2)

2.5 Hlaziya isingeniso sale ndaba emfushane. (2)

2.6 Ngokucabanga kwakho, kwakufanele yini uZulu ayabele umkakhe le mali ayithola? (2)

2.7 Qondanisa lokhu okusohleni A nalokhu okusohleni B.

| Uhlu A | Uhlu B |
|---|---|
| 2.7.1 eMgungundlovu<br>2.7.2 eHighflat<br>2.7.3 eZinkawini<br>2.7.4 eKing Edward VIII | a) Amathuna okwangcwatshwa kuwo uCele<br>b) Isibhedlela ashonela kuso.<br>c) Umuzi kaZulu wawukhona.<br>d) Indawo ayezothenga kulo iplazi. |

(4)

**ISAMBA: 15**